



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

PINETOWN DISTRICT

CLUSTER PAPER

IBANGA LE-11

Stanmorephysics.com
ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)
IPHEPHA LOKUQALA (P1)
ISIVIVINYO SIKANHLANGULANA 2024

Stanmorephysics.com

Amamaki : 70

Isikhathi : Amahora ama-2

Abahloli/ Umhloli: _____

Umcubunguli [DH]: _____

Leli phepha linamakhasi ayi- 13

1. Leli phepha lehlukaniwe **IZIQEPHU EZINTATHU:**



ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi (30)

2. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha.

3. Qalisa **ISIQEPHU NGASINYE** ekhasini **ELISHA.**

4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.

6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.



ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

- 1.1 Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **NOMBHALO B** ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

UCWANINGO NGEZINYE IZINDLELA ZOKUNGCWABA

- 1 Isiphelile iminyaka elishumi emhlabeni wonke jikelele kubikwa inkinga yezindawo zokungcwaba ezindaweni ezingamadlobha nezingamalokishi. Nakuleli laseNingizimu Afrika isiqalile ukuba ngundabamlonyeni emaphepheni nasemisakazweni le nkiyankiya.
- 2 Zimbili izindlela zokungcwaba abantu ebezilokhu zisetshenziswa, eyokulothisa 5 (ukushiswa kwesidumbu) neyokumbela umzimba. Lezi zindlela zisetshenziswa kuzo zonke izizwe emhlabeni wonke. Kuyaye kuye ngezinkolelo namasiko alabo bantu ukuthi iyiphi indlela yokungcwaba abayikhethayo nabayithandayo. Kwesinye isikhathi kuba isifiso salowo ongasekho ukuba afihlwe ngokulothiswa. Indlela umuntu asuke eshone ngayo nayo ingaphoqelela umndeni ukuba umlothise 10 njengokushonela kwelinye izwe nangezinye izifo. Lokhu kungenza uhulumeni wakulelo zwe angavumi ukuba lowo mzimba uthwalwe uyiswe kwelinye izwe. Kusuke kusatshelwa ukusabalala kwegciwane lesifo esimthathile okungaholela ekutheni umNyango wezeMpilo ube senkingeni.
- 3 ENingizimu Afrika, iTheku lingelinye lamadolobha asanda kumemezela ukuthi 15 kungekudala lizobe selentula indawo yokungcwaba. Izindawo zokungcwaba eziningi ezizungeze iTheku sezigcwele. Ngakho-ke kunesidingo sokuthi uhulumeni aqale umkhankaso wokufundisa umphakathi mayelana nezinye izindlela ezingasetshenziswa uma kungcwatshwa. Lo mkhankaso uzoqala ezikoleni nasemanyuvesi akuleli ngoba umyalezo ufinyelela kalula emphakathini uma uqale khona. Bekunengqungquthela ebibanjelwe eThekwini ye-Pan African Cemeteries and Crematoria. Ibithanyelwe izingcithabuchopho ezivela emazweni omhlaba ahlukene ukuze kuxazululwe le nkinga yokuncipha nokuntuleka kwendawo yokungcwaba. Enye indlela yokungcwaba okubhungwe kabanzi ngayo yileyo yokungcwaba abantu ethuneni elilodwa. Ayizange ibe indlela eshayelwa ihlombe

leyo. Kunalokho abantu abaNnyama ababekuleyo ngqungquthela bawothe ubomvu.

4 Amazwe amaningi apheya kwezilwandle ayekule ngqungquthela athatha isinqumo sokusebenzisa indlela yokulothisa umuntu uma eshonile. Lokhu kwenzelwa ukuvikela imvelo kanye nokonga imali uma kunomngcwabo 30 ojwayelekile. Kuvelile kule ngqungquthela ukuthi omasipala abanengi bamadolobha aseNingizimu Afrika abanayo imishini nezinsiza ezanele neziseqophelweni eliphezulu zokulothisa umzimba. Kungadingeka ukuba oMasipala baqalise ngohlelo lokuthengwa kwalezi zinsiza nomhlaba owanele ozosetshenziswa ekwakheni kwamaziko okulothisa. 35

5 Okuphawulekayo ukuthi sebekhona abantu abaNnyama ezwenikazi i-Afrika asebeqalile ukungcwaba ngokulothisa imizimba. Kuyabonakala ukuthi ukulothiswa komzimba yikhona okudlondlobalayo kulezi zinsuku zanamuhla, ikakhulukazi kulaba abezizwe okungamaNdiya, amaKhaladi kanye nabaMhlophe. Ucwangingo oselwenziwe lukhombisa ukuthi imiphakathi eyahlukene isiyaqala ukubona 40 izingqinamba ezinhlobonhlobo ezibhekene noMasipala mayelana nokuntuleka kwendawo yokungcwaba. Lokhu kuyalekelela ekutheni imiphakathi iluqonde kangcono uhlobo lokungcwaba ngokulothisa. Ukulothisa akusho ukuthi akulahlwe okuyisiko mayelana nezindlela izizwe ezahlukene ezenza ngayo uma zishiywe othandiweyo wazo kodwa kuyindlela nje yokungcwaba. 45

6 Isizwe samaZulu singesinye sezizwe esingakholelwa kakhulu ekungcwabeni ngokulothisa izidumbu. NgokukaSolwazi uSihawukele Ngubane, abanye abantu bakuthatha njengesiqalekiso nokuchapha ngenhlamba labo abasuke bengasekho uma uthi mabalothiswe. Bangazithola sebehlelwa isithunzi sabo futhi bangabe besenzelwa imisebenzi ethile. Kunemidanti eminingi egcinwa kuphela ethuneni 50 ngabantu abangumndeni nezihlobo. Ukuthela inhlabathi ethuneni kungeminye yemidanti esetshenziselwa ukwamukela ukuthi oshonile ngeke niphinde nimbone. Isizwe esinsundu siyakholelwa ekuxhaseni abashonelwe ngokuthi sibe yingxenywe yokuphelezela abehlelwe ifu elimnyama. Uphinde athi ukulothiswa kwabo akuyona into enesasasa esizweni samaZulu futhi siyakholelwa empilweni yangale 55 kwethuna. Aqhubeke ngokuthi kuvame ukuthi uma kushone umnumzane wekhaya aphantiswe imbewu nomkhonto engcwabeni lakhe ukuze akwazi ukuvikela

umndeni wakhe aphinde awulethele izinhlanhla. Abanye abantu abamnyama baphinde bakholelwe ukuthi uma umuntu elothisiwe kumele enzelwe umsebenzi wokumgeza ukuze amukeleke ezweni lamathongo ngoba abamazi ewumlotha. 60 Uphetha ngokuthi ukufa kubukwa njengendlela eyisiqalo esisha sokuba ingxenye yokuphila ezweni lamathongo.

7 Abanye abacwaningi ababhekelele izindaba zamasiko, izinkolelo nendlela ejwayelekile yokuphila bayakuveza ukuthi abantu abansundu bayakwazisa ukuthi kungcwatshwe isidumbu emathuneni abazokwazi ukuwavakashela ukuze bahlale 65 bexhumene nabangasekho. Lokho kugcizelela ukuthi wonke umuntu abe nengcwaba, angalothiswa. Kunenkolelo yokuthi uma abantu belothiswa bangahle babe imingcwami umoya wabo ungaphumuli ngokuthula.

8 Kunombono wokuthi kungakuhle abantu bazikhethela indlela abangathanda ukuthi bangcwatshwe ngayo. Masingakhohlwa ukuthi ukufa kuyisela yingakho kufanele 70 kuxoxwe ngakho emindenini yethu kusekuhle. Yize kungelula ukuxoxa ngezindaba ezithinta imingcwabo kodwa kuhle sikwenze ukugwema ezinye zezingxabano eziba khona uma sekushoniwe. Imindeni enemihlaba ezindaweni zasemakhaya ingangcwabela khona noma umndeni owodwa usebenzise ingcwaba elilodwa uma usemadolobheni. Masivume ukuthi impilo ifana nesondo lona eliphenduphendukayo 75 kanjalo nezikhathi ziyaguquguquka. Masizame ukuhambisana nezikhathi ndlu emnyama

[Icashunwe kuMercury yabuye yahunyushwa-September 25, 2019]

KANYE NO

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uqhendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Zicashunwe ku - inthanethi [funeral and crematorium.com](http://funeralandcrematorium.com)]

IMIBUZO (UMBHALO A OFUNDWAYO)

- 1.1.1 Tomula isisho esigabeni soku-1 esiveza ukuthi indaba yokuntuleka kwendawo yokungcwaba kukhulunywa ngayo njalo. (1)
- 1.1.2 Shono OKUTHATHU okungaba izizathu zokukhetha indlela yokungcwaba umzimba ngokwesigaba sesibili salesi siqeshana. (3)
- 1.1.3 Fingqa ngamaphuzu AMANE okwenza abanye abantu abangamaZulu bangaluthokozeli uhlelo lokungcwaba ngokulothisa umzimba ngokukaSolwazi uNgubane. (4)


1.1.4 Iyini inhloso yombhali ngokubhala umusho wokugcina walesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.5 Chaza imbangela yezingqinamba omasipala bamadolobha aseNingizimu Afrika abangabhekana nazo ezingenza bahluleke ukumelana nokulothisa izidumbu. (2)

1.1.6 Ucabanga ukuthi kungaba njani uma abantu abaningi bengasebenzisa uhlobo lokulothisa abantu nelokungcwaba umndeni engcwabeni elilodwa? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.7 Ngabe UMBONO noma IQINISO: Lo mkhankaso uzoqala ezikoleni nasemanyuvesi akuleli ngoba umyalezo ufinyelela kalula emphakathini uma uqale khona? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.8 Xoxa ngokusetshenziswa kwesimo sokukhuluma esidweshelwe esitholakala esigabeni sokugcina ukuthi sihambelana kanjani nokuqukethwe yilesi siqeshana. (2)



IMIBUZO (UMBHALO B OBUKWAYO)

1.2.1 Nikeza isizathu esenza ukuthi kubaluleke ukuba khona kwabantu emngcwabeni. Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka esithombeni soku-1. (1)

1.2.2 Nikeza OKUBILI okungumehluko phakathi kwesithombe soku-1 kanye nesithombe sesi-2. (3)

1.2.3 Emuva kokufunda UMBHALO A isigaba sesi-6 kanye nokubuka isithombe sesi-4 esikuMBHALO B. Qhathanisa ubudlelwano phakathi kwesigaba sesi-6 kanye nesithombe sesi-4. (4)

1.2.4 Isithombe sesi-3 siveza lapho kugcinwa khona imilotha yabantu abalothisiwe. Phawula usho ukuthi silekelela kanjani ukuthi abantu bamukele ukulothiswa. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

UMBUZO 2: UKUFINGQA

ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (**UMBHALO C**) sikhuluma ngezinto ezibalulekile uma uzilungiselela ukuyoba yisikhulumi emcimbini othize.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezinto ezibalulekile uma uzilungiselela ukuyoba yisikhulumi emcimbini othize
2. Fingqa **ngesigaba** usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C

IZINTO EZIBALULEKILE UMA UZILUNGISELELA UKUYOBA

YISIKHULUMI EMCIMBINI

Ngaphambi kokuba uye emcimbini kumele uzilungiselele ngokuphelele. Lokhu kukunikeza ukuhlonipheka futhi kujabulise nalowo osuke ekumemile ukuba uzoba yisikhulumi. Yazi uhlobo lo mcimbi omenyelwe kuwo. Kungaba umcimbi ohanjelwe yizicukuthwane wezinga eliphezulu noma umcimbi okhululekile nje ongekho ezingeni eliphezulu. Kuyenzeka kube umcimbi enizozihlalela nje nose inyama noma umcimbi lapho kumenywe izikhulu ezinezikhundla ezithile.

Ukugqoka ngendlela engahambisani nomcimbi kungakwenza uzenyeze ngoba usuke wehluke wedwa emcimbini. Abantu bangahleba nangawe bafe yinsini bezibuza ukuthi ubungasitholanga yini isimemo esichaza kabanzi ngohlobo lomcimbi. Akumele utholakale usugqoke amajini emcimbini wezicukuthwane odinga amasudi noma izingubo zikanokusho. Eminye imicimbi ingadinga ugqoke ngisho nezinto zokubhukuda, uma kuyimicimbi ebizwa ngelasemzini elithi *'pool party'*. Gqoka ngendlela efanele lowo mcimbi omenywe kuwo ngoba phela wonke amehlo asuke ethe njo kuwena njengoba uyisikhulumi sosuku.

Qaphela imibala ozoyigqoka, mayihambelane nomcimbi omenyelwe wona. Imibala eggamile ivame ukugqokwa ezindaweni zokuzijabulisa okungabalwa imishado namaphathi. Imibala ezothile njengemibala eminyama ivame ukugqokwa emingcwabeni. Kubantu besifazane imibala ewubukhazikhazi nenoqhakaza ivame

ukugqokwa emicimbini yasebusuku. Abantu abaningi abavamile ukukuqaphela lokhu kanti kubaluleke kakhulu.

Bhala inkulumo yakho phansi ngaphambi kokuba uyoyethula phambi kwezihambeli zomcimbi. Yihlele ngokulandelana kwamaphuzu asemqoka. Lokhu kukusiza ukuthi ungakhohlwa yizinto ezisemqoka ongazethula enkulumeni yakho. Kwenza futhi ukuthi ungakhohlwa ukubingelela nezicukuthwane ezisezingeni eliphezulu uma zikhona. Phela uma uyisikhulumi sosuku inkulumo yakho kumele ihlabahlose ngoba ibalulekile kakhulu kulowo mcimbi futhi izihambeli zisuke zilindele ukufunda lukhulu kuyona.

Uma sewethula inkulumo yakho amehlo akho awahlale ezethamelini. Ungantshontsha ubheke kancane epheshaneni lenkulumo yakho. Ungazikhumbuza amaphuzu ngokuntshontsha ngehlo kodwa ungafundi konke phansi. Lesi senzo senza izethameli zijabulele ukukulalela futhi zibone ukuthi ukhuluma ngento oyaziyo nozihlelele ngayo futhi oyicwaningile hayi nje oyicabange ngaleso sikhathi. Inkulumo yakho ayibe nesizotha futhi ifanele izethameli zakho. Amagama owasebenzisayo mawangahlambalazi kodwa kube amagama akhuthazayo nanenhlonipho. Akube nesifundo sosuku ozo-sinika izethameli zakho.

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Sithathwe ku-Sowetan News sahunyushwa]

- 3.1 Shono ukuthi yini okumele uyenze ukuze uzokwazi ukungenela lo mncintiswano. (1)
- 3.2 Chaza kafushane isizathu sokusetshenziswa kwelogo ekulesi sikhangisi. (2)
- 3.3 Khetha impendulo EYODWA eshaya emhlohlweni kulezi ezilandelayo:
Umdlalo webhola lezinyawo waziwa ngokuthi umdlalo
- A. wombhoxo.
 - B. womnqakiswa.
 - C. womphebezo.
 - D. kanobhutshuzwayo. (1)
- 3.4 Guqula umusho osendleleni ephoqayo kulesi sikhangisi ube sendleleni

3.5 Chaza ngokusetshenziswa kwefonti engafani emagameni adwetshelwe akulesi sikhangisi. (2)


3.6 Ake uncome umbhali walesi sikhangisi ngokusebenzisa ulimi olukhohlisayo kulesi sikhangisi. (2)

[10]

UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI

Bukisisa **UMBHALO E** bese uphendula imibuzo elandelayo. Qaphela uhlobo lwefonti.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Icashunwe ku - inthanethi yase ihunyushwa]

4.1 Yimaphi amazwi akhombisa umyalelo efreyimini yokuqala. (1)

4.2 Qhathanisa okwenzeka efreyimini yesi-2 nakweyesi-4. (3)

4.3 Khetha impendulo eyodwa kwezilandelayo:

Downloaded from Stanmorephysics.com

Amazwi asefreyimini yesi-5 aqukethe muphi umuzwa?

- A. Umuzwa wokuncenga.
- B. Umuzwa wokuxolisa.
- C. Umuzwa wokubalisa.
- D. Umuzwa wokukloloda.

4.4 Ucabanga ukuthi ubani phakathi kwenja nomfana ofanelwe yila mazwi

asefreyimini yesi-6? Sekela impendulo yakho.

(3)

4.5 Phawula ngengozi ebingavelela umfana nenja kumbe abantu abaseceleni.

(2)

[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F

AYIFUNEKI INHLIZIYO ENGAPHANDLE KULESI SIKHATHI

Sesibala izinsuku ngaphambi kokuthi sifike emaphethelweni onyaka. Ingingi labantu liziphatha **kahle** unyaka wonke kuthi kungafika lesikhathi sonyaka konakale konke. Izinkumbi zabantu ziba ngamakholwa unyaka wonke kuthi kungafika lesikhathi sonyaka bathathe ijazi lenkolo balibeke endlini baphumele ngaphandle bazibonakalise ububona.

5

Kubuhlungu ukuzwa indodakazi ithi yakhulelwa ngoZibandlela futhi ayinaso isiqiniseko sokuthi ngubani uyise womntwana ngoba yayidle amanzi amponjwana. Kulezo zinsuku baningi abantu abalala nabo bengazivikelanga. Kuningi ukonakala kwezinto ngalesikhathi sonyaka. Kukhona abazolala bebaliwe, belahlekelwe ikusasa labo ngenxa yobumnandi obuza nenyanga kaZibandlela. **Abantu bakithi bangalahlekelwa isimilo** kanye nokuzazi ukuthi bangobani uma kufika lesi sikhathi sonyaka. Angiyiphathi eyezingane eziqala ukuphuza uma kufika lesikhathi sonyaka.

10

Yonke imiphumela emibi evela kule nyanga noma ngemuva kwalenyanga kungenxa yokuhluleka ukuzibamba kanye nokuzikhuza. Le nyanga esikuyo ayibafuni abantu abanenhliziyi engaphandle. **Abantu abaphuza bangazinaki bahlukumeza imindeni.**

15

Uthola iphephandaba liveza ukuhlupheka okuningi okwenzeka ngalenyanga. Abantu abazinakekele, bathuthukise imindeni yakho noma isimo somnotho sintengantenga Kungumsebenzi wawonke **umuntu** ukuzilungiselela isikhathi sisekhona.

[Sishunwe kuBayede, 03 Decemba 2021 sabuya sahlelwa kabusha]

5.1 Nikeza umsebenzi wegama elibhalwe lagqama elitholakala emgqeni wesi-2 (1)

5.2 Nikeza umqondo oqukethwe isakhi esidwetshelwe esitholakala emgqeni wesi-6 (1)

5.3 Sebenzisa igama elidwetshelwe elitholakala emgqeni we-12 emshweni ozakhele wona seliqukethe umqondo owehlukile kunalo otholakala esiqeshini. (1)

5.4 Umusho obhalwe ngokugqamile emgqeni we-15 kuya kowe-16 ungumusho omagatshagatsha: Veza lokhu

5.4.1 Umusho omkhulu

5.4.2 Umshwana okhonzile ochazayo (2)

5.5 INikeza igama elinencazelo engahambisani naleli elidwetshelwe elitholakala emgqeni we-19.

A ukuntula

B ubumpofu

C ukweswela

D ukukhwabanisa (1)

5.6 Shono ukuthi umusho ogqanyisiwe emgqeni we-10 ukuyiphi indlela yesenzo. (1)

5.7 Tomula ibizongxube elitholakala esigabeni sesi-4. (1)

5.8 Nikeza isimo sokukhuluma esinembayo esihambisana negama elidwetshelwe elitholakala emgqeni wa-19.

Sisebenzise lesi simo sokukhuluma emshweni ozakhele wona ukukhombisa ukuthi uyayiqonda incazelo yaso.

(2)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

PINETOWN DISTRICT

CLUSTER PAPER

IBANGA LE-11

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)
IPHEPHA LOKUQALA (P1)
ISIVIVINYO SIKANHLANGULANA 2024
UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

Amamaki : 70

Isikhathi : Amahora ama-2

Abahloli/ Umhloli: _____

Umcubunguli [DH]: _____

Lo mlahlandlela wokumaka unamakhasi ayisi-8

ISIQEPHU A: ISIVIVIYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 UMBHALO A: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

- 1.1.1 Ingundabamlonyeni. ✓ (1)
- 1.1.2
- Izinkolelo namasiko abantu. ✓ (3)
 - Isifiso salowo ongasekho. ✓
 - Indlela umuntu asuke eshone ngayo. ✓
- 1.1.3
- Bakuthatha njengesiqalekiso nenhlamba koseshonile. ✓ (4)
 - Bacabanga ukuthi bazokwehlelwa isithunzi sabo futhi bangabe besenzelwa imisebenzi ethile. ✓
 - Umndeni nezihlobo ngeke usakwazi ukuthela inhlabathi ethuneni.
 - Bayakholelwa empilweni yangale kwethuna. ✓
 - Umnumzane wekhaya uphathiswa imbewu nomkonto engcwabeni lakhe ukuze akwazi ukuvikela umndeni. ✓
 - Abantu abamnyama baphinde bakholelwe ukuthi uma umuntu elothisiwe kumele enzelwe umsebenzi wokumgeza ukuze amukeleke ezweni lamathonga ngoba amanzi awumlotha. ✓
(Okune kwalokhu)
- 1.1.4 Inhloso yombhali ukugqugquzela /ukuvula umqondo wabantu ngokuthi izinto azihlali ziyinto eyodwa zinesikhathi sokuguquka. ✓ Ngakho-ke abantu abamnyama abakulindele futhi bekwamukele ukuthi ngelinye ilanga izidumbu zabo ziyolothiswa ngeke zigqitshwe ethuneni. ✓✓ (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)
- 1.1.5 Imbangela yezingqinamba ezingenza omasipala bahluleke ukumelana nokulothisa izidumbu ukuthi baxhiwe imiphakathi exube izinhlanga kanye namasiko. Iningi layo le miphakathi abantu abamnyama abakakholwa ekulothisweni noma abantu abaning abamnyama abakafundiseki ngokulothisa. / Omasipala bamadolobha amaningi abanayo imishini nezinsiza ezanele neziseqophelweni eliphezulu lokulothisa umzimba. ✓✓ (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 1.1.6 Ngicabanga ukuthi kungaba yinto enhle ngoba kungongeka indawo yokungcwaba, kungaxazulula inkinga yokugcwala kwamangcwaba futhi nemndeni ingagwema izindleko zokuthenga imigodi eminingi yokungcwaba. ✓✓✓ (3)

NOMA

Ngicabanga ukuthi kungebe into enhle ngoba abanye abantu bayakholelwa ukuthi kumele uye kokhuluma nalowo muntu eyedwa

engcwabeni lakhe futhi bazi ukuthi kukhona isidumbu sakhe esiphelele nokukholelwa ekutheni abantu abalele beza nezinhlamba, abanye beza namashwa emndenini esaphilayo. ✓✓✓
(Neinye izimpendulo ezinembayo)

1.1.7 Umbono ngoba nakuba ziziningi izingane ezifunda ezikoleni nasemanyuvesi kodwa akubona bonke abazali abazinika isikhathi ngokuzibuza izinto eziphathelene nesikole, ayiphathwa-ke eyokuzibuza ngokuthola ulwazi ngokwempilo jikelele. ✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

1.1.8 Isimo sokukhuluma esithi ukufa kuyisela sihambelana kahle nalesisiqeshana ngoba ukufa kuyazuma kufika ungakulindele. Ngakho-ke abantu abasho ukuthi bafuna ukungcwatshwa kanjani besaphila ngoba abazi ukuthi ukufa kuyobafikela nini. ✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

[20]

1.2 UMBHALO B (Obukwayo)

1.2.1

- Kubalulekile ngoba bazoqinisa/bazonika umndeni isibindi sokubhekana nesimo. ✓
- Kubalulekile ngoba yibo abalekelela umndeni ukufaka ibhokisi engcwabeni/egodini. ✓

(Okukodwa kwalokhu)

1.2.2 Umehluko phakathi kokwenzeka esithombeni soku-1 kanye nasesithombeni sesi-2 indlela okungcwatshwa ngayo ayifani. ✓
Esithombeni soku-1 kungcwatshwe umzimba egodini kugcwele nabantu abazophelezela umndeni ✓ kanti esithombeni sesi-2 kuyalothiswa akukho muntu kodwa kukhona amabhokisi amabili kuphela azongena kumaziko okulothisa. ✓

1.2.3 Ubudlelwano phakathi kweigabasesi-6 esikumbhalo A kanye nesithombe sesi-4 esikumbhalo B owokuthi, esigabeni sesi-6 uSolwazi uNgubane uthi isizwe samaZulu asikholelwa ekulothisweni umzimba ngoba sikholelwa ukuthi umuntu uqala impilo entsha ezweni lamathonga ukuze avikele umndeni aphinde awuphe nezinhlamba. ✓✓ Lokhu kuyahambelana nokwenzeka esithombeni sesi-4 sibona umuntu wesilisa eguqile ethuneni kubonakala sengathi uyocela izinhlanhla kulona/uyakhuluma. ✓✓

1.2.4 Silekelela ngokuthi sikhombise abantu abamnyama abangakafundiseki ngokulothisa ukuthi kuyayonga kakhulu indawo kunokungcwaba futhi

umuntu uyakwazi ukuvashela emathuneni/lapho kufihlwe khona imilotha yabantu ayokhuluma nomuntu wakubo ongasekho, ibhokisana okufakwe kulo umlotha lisuke linemininingwane yonke yakhe njengoba kwenziwa etsheni lethuna. ✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2



	Amaphuzu Acashuniwe		Amaphuzu Owabeke Ngamagama Akho
1	'Ngaphambi kokuba uye emcimbini kumele uzilungiselele ngokuphelele.'	1	Umcimbi oya kuwona udinga ukuba uhleleke ngazo zonke izindlela.
2	'Yazi uhlobo lo mcimbi omenyelwe kuwo'	2	Kubalulekileukuwuqonda ukuthi umgumcimbi onjani.
3	'Qaphela imibala ozoyigqoka mayihambelana nomcimbi omenyelwe wona.'	3	Faka izingubo ezihambelana nendawo oya kuyona njengesimenywa.
4	'Qaphela imibala ozoyigqoka mayihambelane nomcimbi omenyelwe wona.'	4	Imibala yezingubo ozigqokile mayihambelane nesimo somcimbi omenyelwe wona.
5	'Bhala inkulumo yakho phansi ngaphambi kokuba uyoyethula phambi kwezihambeli zomcimbi.'	5	Inkulumo osuke sewuyihlelile wayibhala kumele ifundwe isephepheni.
6	'Uma usuthula inkulumo yakho amehlo akho awahlale ezethamelini.'	6	Isikhulumi sosuku akufanele sigqolozele iphephe lelo singabe sisaxhumana ngamehlo nezihambeli zomcimbi ezilalele.

7	'Akube nesifundo sosuku ozosinika izethameli zakho.'	7	Izethameli zakho azibe nesifundp esithile ezisizuzayo enkulumeni yakho.
---	--	---	---

NOMA

Umcimbi osuke uya kuwona njengesikhulumi udinga wena uhleleke njalo nangazo zonke izindlela. Kusuke kubalulekile ukuthi uwuqonde ukuthi ungumcinbi onjani ukuze ugqoke izingubo ezihambelana nendawo oya kuyona njengesimenywa esiqavile. Abantu lapho basuke sebekubheke ngabomvu njengoba usuke uzothula inkulumo ebalulekile kunazo zonke lezo zangalolo suku. Gqoka imibala ehambelana nomcimbi wosuku. Ekuyithuleni inkulumo, isikhulumi akufanele sigqolozele iphepha lelo singabe sisaxhumana ngamehlo nabantu abenze emcimbini. Izihambeli azizuze isifundo esithile enkulumeni yesikhulumi sosuku.

Inani lamagama = 68

AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]

INDLELA YOKUMAKA UKUFINGQA

- Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyikho.
- **Ukwabiwa kwamamaki**
- Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
- Amamaki ama-3 awolimi.
- Amamaki esewonke: 10.

Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo:

- 1-3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
- 4-5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
- 6-7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:

- Amaphuzu acashuniwe ayisi-6 kuya kwasiyi-7: akukho maki alitholayo.
- Amaphuzu acashuninwe ukusuka kwi-1 kuya kwama-5: unikwa imaki elilodwa lolimi.
- Amaphuzu acashuniwe kusuka kwayisi-6 kuya kwasiyi-7: awekho amamaki olimi.

QAPHELA:

Ukubalwa kwamagama;

- Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
- Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokwehluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza okungesilo lamagama awasebenzisile.
- Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe lowo musho kuze kufike lapho uphela khona umusho bese ingabe isabhekwa imisho elandelayo.

QAPHELA:

Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) BESE KUTHI AHUNYUSHIWE (H).

Isibonelo sokumaka ukufingqa:

- ✓ Ake sithi ingane ithole amaphuzu acashuniwe ama-3 (C) yase ithola ahunyushiwe ama-3 (H).
- ✓ Uzowahlanganisa amamaki akho kanje:

Isib. 1

C=3

H=3

L=1

07

Lokho kusho ukuthi le ngane ithole imiklomelo eyisi-07 ekufingqeni.

Isib.2

- ✓ Ake sithi ingane ithole amaphuzu acashuniwe eli-1 (C) yase ithola ama-4 ahunyushiwe.

C=1

H=4

L=2

07

Isib.3

- ✓ Ake sithi ingane ithole amaphuzu ahunyushiwe ama-6 (H) yase ingatholi lutho ekucaphuneni.

H=6

L=3

C=0

09

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

- 3.1 Kumele uthole/uthenge ithikithi ezindlini ezidayisa amathikithi. ✓ (1)
- 3.2 Ukusetshenziswa kwelogo emele inkampani i-Adidas odongweni nasebholeni kusetshenziselwe ukuthi abantu babone ukuthi ingenye yabaxhasi balo mqhudelwano. ✓✓ (2)
- 3.3 D/Umdlalo kanobhutshuzwayo. ✓ (1)
- 3.4 Ungathola elakho ithikithi ezindlini ezidayisa amathikithi. ✓✓ {2}
- 3.5 Ifonti ebhalwe ngamagama amakhulu ethi, 'uzozuza umklomelo wemoto' isetshenziselwe ukunxenxa abantu ukuba basheshe bathenge amathikithi kanti ifonti encane isetshenziselwe ukucashisela abathengi ukuthi akuyena wonke umuntu ozothola lo mklomelo kodwa kuzoba abathengi bokuqala abahlanu kuphela. ✓✓ (2)
- 3.6 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa ulimi olukhohlisayo 'konke kuzokuhambela kahle empilweni'. Lokho kuyakhohlisa ngoba akusho ukuthi uma uthenga ithikithi ngeke ube nezikinga empilweni. ✓✓ (2)

[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Uzwile Angithi? ✓ (1)
- 4.2 Okufanayo ukuthi kuwona wamabili amafreyimi kukhonainja edonsa ibhayisikili elinomfana ogibele kulo. ✓ Umehluko ukuthi efreyimini yesi-2 umfana ogibele ibhayisikili ubonakala ejabule ngoba kwenzeka into ayifunayo, uze athi 'Nazo-ke'. ✓ Kweyesi-4 khona-ke ngakolunye uhlangothi wethukile umfana ngenxa yengozi azibona eyongena kuyona njengobainja isifuna ukuchusha naye othangweni lwezingodo olungase lumlimaze kabi. ✓ (3)
- 4.3 A/Umuzwa wokuncenga. ✓ (1)

- 4.4 Umfana ngoba nguyena ozibophele enjeni ✓ wase eyinikeza umyalelo wokuthi ayimdonse. ✓ Inja ayinamqondo, ayikwazi ukubona into eyingozi. (3)
✓
(Okubili kwalokhu okungenhla)
- 4.5 Njengoba umfana nenja bedlala emgwaqeni, bekungaqhamuka imoto ibashayise bafe bobalili kumbe imoto ibashayise bese iyaphaphalaza igingqike kulimale noma kufe abagibeli / imoto ibingathi izama ukubagwema iphaphalaze bese ishayisana nenye imoto kulimale noma kufe abagibeli. ✓✓
Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka.

[10]

UMBUZO 5

- 5.1 Lenza umsebenzi wokukhanyisa. ✓ (1)
- 5.2 Umqondo wobulili besifazane. ✓ (1)
- 5.3 Ukuphuza ukufika emsebenzini, kubi. ✓ (1)
- 5.4
- 5.4.1 Abantu bahlukumeza imindeni. ✓ (1)
- 5.4.2 Abaphuza ngokungazinaki. ✓ (1)
- 5.5 D/Ukukhwabanisa. ✓ (1)
- 5.6 Indlela yamandla. ✓ (1)
- 5.7 Iphephandaba. ✓ (1)
- 5.8 Inkomo ingazala umuntu/ kungcono ukuthemba itshe kunokuthemba umuntu. ✓
Inkomo ingazala umuntu uma ngingehluleka kulo nyaka. ✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: [30]

AMAMAKI ESEWONKE: [70]